FSCA

Financial Sector
Conduct Authority

# IMANUWALI YOKUFINYELELEKA KOLWAZI OLUGCINWE

## YISIPHATHIMANDLA SOKUZIPHATHA EMKHAKHENI WEZEZIMALI

YAKHIWE NGOKWESAHLUKO SE-14 SOMTHETHO WOKUKHUTHAZWA KOKUFINYELELEKA KOLWAZI WESI-2 WONYAKA WE-2000 (NJENGOBA UCHITSHIYELWE)

# ITHEBULA LOKUQUKETHWE

1. ISINGENISO ........................................................................................................ 3
2. I-FSCA ................................................................................................................ 3
3. IMISEBENZI YE-FSCA........................................................................................ 3
4. ISAKHIWO SE-FSCA ........................................................................................... 4
5. ABAGCINILWAZI BE-FSCA ................................................................................ 6
6. UMHLAHLANDLELA WOKUTHI ISETSHENZISWA KANJANI SEBENZISA I-PAIA........ 7
7. IZIGABA ZAMAREKHODI AGCINWE YI-FSCA ................................................... 8
8. INQUBO ZEZICELO.............................................................................................29
9. UKUKHOKHWA KWEZIMALI EZIKHOKHWAYO .................................................29
10. UKUCUTSHUNGULWA KWESICELO ..................................................................30
11. ISINQUMO SE-FSCA............................................................................................30
12. ILUNGELO LOKUPHIKISA ISINQUMO.................................................................30
13. UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI.....................................................................30
14. UKUBUYEKEZWA KWEMANUWALI ....................................................................30
15. UKUCUTSHUNGULWA KOLWAZI LOBUQU NGOKOMTHETHO WOKUVIKELWA KOLWAZI LOBUQU WESI-4 WONYAKA WE-2013 ……………………………………..30

## 1. ISINGENISO

1.1. Le manuwali yakhiwe ngokoMthetho Wokukhuthazwa Kokufinyeleleka Kolwazi wesi-2 wonyaka we-2000 ("uMthetho") kanye noMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lobuqu wesi-4 wonyaka we-2013. ("i-POPIA").

1.2. Lo Mthetho wenza ukuba kusebenze ilungelo lomthethosisekelo lokufinyeleleka kolwazi eliqukethwe kwisahluko sama-32 soMthethosisekelo waseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika.

1.3. Ngokwalo Mthetho, izinhlangano zikahulumeni zidingeka ukuba zakhe imanuwali njengomhlahlandlela wokufaka izicelo zolwazi. Le manuwali futhi isebenza ukukhombisa uhlobo lwamarekhodi agcinwe yisiPhathimandla Sokuziphatha Emkhakheni Wezezimali ("i-FSCA") kanye nokutholakala kwalawo marekhodi ku-FSCA, njengenhlangano kahulumeni.

## 2. I-FSCA

2.1. I-FSCA iyinhlangano esemthethweni eyasungulwa ngokoMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wesi-9 wonyaka we-2017 ("uMthetho we-FSR")

2.2. Izinhloso ze-FSCA yilezi:

2.2.1. Ukuthuthukisa ukusebenza kahle futhi nobuqotho bezimakethe zezimali,

2.2.2. Ukukhuthaza ukuphathwa kahle kwamakhasimende yizikhungo zezimali,

2.2.3. Ukuhlinzeka ngemfundo yezezimali kanye nokubekisela phambili ulwazi lwezezimali, kanye

2.2.4. Nokusiza ekugcineni ukuzinza kwezezimali.

## 3. IMISEBENZI YE-FSCA (S14(1)(a) kwi-PAIA)

3.1. I- FSCA ingumlawuli owenzelwe ukuziphatha kwezimakethe, onegunya phezu kwazo zonke izikhungo zezezimali eNingizimu Afrika.

3.2. I- FSCA inamandla okwenza amazinga okuziphatha ngokoMthetho we-FSR, ngaphezu kwamandla emithetho ethile eqondene nomkhakha.

3.3. Imisebenzi ye-FSCA ngokoMthetho we-FSR injengoba ilandela:

3.3.1. Ukulawula nokuqondisa, ngokuhambelana nemithetho yomkhakha wezezimali, ukuziphatha kwezikhungo zezezimali,

3.3.2. Ukusebenzisana, futhi nokusiza, iBhange-ngodla laseNingizimu Afrika, iKomidi Lokuqapha Ukuzinza Kwezezimali, isiPhathimandla Sokunakekela, uMlawuli Kazwelonke Wezikweletu, kanye Nesikhungo Sobunhloli Bezezimali, njengoba kudingeka ngokoMthetho we-FSR,

3.3.3. Ukusebenzisana noMkhandlu Wezinhlelo Zokwelashwa ekusingathweni

ukuncintisana okusimeme ekuhlinzekweni kwemikhiqizo yezezimali kanye nezinsizakalo zezezimali, okubandakanya ukusebenzisana nokubambisana neKhomishana Yokuncintisana,

3.3.5. Ukukhuthaza ukubandanyeka kwezezimali,

3.3.6. Ukubuyekeza njalo umkhawulo nobubanzi bokulawulwa komkhakha wezezimali, futhi nokuthatha izinyathelo zokunciphisa ubungozi obuhlonziwe ukuze kufezwe inhloso zawo noma ukwenza umsebenzi wawo ngempumelelo,

3.3.7. Ukulawula ukuqoqwa kwezinteliso kanye nokusatshalaliswa kwamanani ezimali ezitholiwe maqondana nezinteliso,

3.3.8. Ukwenza nokushicilela ucwaningo olufanele inhloso yawo,

3.3.9. Ukuqapha izinga uhlelo lwezezimali oluletha ngayo imiphumela enobulungiswa kumakhasimende ezezimali, ngokugxila ekulungeni nasekufanelekeni kwemikhiqizo yezezimali nezinsizakalo zezezimali kanye nezinga izikhungo ezihlangabezana ngalo izidingo nokulindelwe okuphusile kwamakhasimende ezezimali, kanye

3.3.10. Nokwakha futhi nokusetshenziswa kwamasu nezinhlelo zemfundo yezezimali emphakathini jikelele.

## 5. UMGCINILWAZI WE-FSCA - S14(1)(a)(ii) woMthetho

5.1. UKhomishana we-FSCA, uMnu. Unathi Kamlana, nguye oqokiwe njengoMgcinilwazi we-FSCA. Imininingwane yokuxhumana noMgcinilwazi injengoba ilandela:

| Igama | Izinombolo zokuxhumana | Ikheli le-imeyili |
|---|---|---|
| UMnu. Unathi Kamlana | +2712 428 8029 (telephone) | Unathi.kamlana@fsca.co.za |

5.2. UMgcinilwazi, ngokwesahluko se-17 soMthetho, unikeze amandla akhe ngaphansi kwe-PAIA koSekela-Mgcinilwazi abalandelayo:

| Igama | Izinombolo zokuxhumana | Ikheli le-imeyili |
|---|---|---|
| | | Paia_popia@fsca.co.za |
| UNks. Kamcilla Naidoo | +2712 367 7882 | |
| UNks. Ziyanda Mshunqane | +2712 367 7195 | |

5.3. UMgcinilwazi, ngokwesahluko sama-56 soMthetho, unikeze amandla akhe ngaphansi kwe-POPIA kuSekela-Mgcinilwazi aolandelayo:

| Igama | Izinombolo zokuxhumana | Ikheli le-imeyili |
|---|---|---|
| UNks. Rami Mpete | +2712 428 8066 | Paia_popia@fsca.co.za |

5.4. UMgcinilwazi we-FSCA kanye noSekela-Mgcinilwazi bakhe basebenzisa ikheli elifanayo lendawo neleposi njengalapha ezansi:

| Ikheli lendawo | Ikheli leposi |
|---|---|
| Block B, Riverwalk Office Park<br>41 Matroosberg Road (Corner<br>Garstfontein and Matroosberg Roads)<br>Ashlea Gardens, Ext 6<br>Menlo Park<br>Pretoria<br>0081 | P O Box 35655<br>Menlo Park<br>0102 |

5.5. Isizindalwazi se-FSCA sithi: www.fsca.co.za

5.6. Izicelo zolwazi kanye nokufinyeleleka kumarekhodi angatholakali kalula, zingenziwa ngokuxhumana nanoma yimuphi uSekela-Mgcinilwazi.

## 6. UMHLAHLANDLELA WOKUTHI ISETSHENZISWA KANJANI SEBENZISA I-PAIA - S14(1)(b) soMthetho

6.1. UMlawuli Wolwazi unomsebenzi, futhi wokwakha umhlahlandlela ngolimi ngalunye kwezilishumi nanye zezwe, onolwazi lokuthi isetshenziswa kanjani i-PAIA. Lo mhlahlandlela uyatholakala kuwebhusayithi yoMlawuli Wolwazi.

6.2. Nanoma yiluphi ulwazi noma imibuzo emayelana nomhlahlandlela ifanele iqondiswe ku:-

**Mlawuli Wolwazi (eNingizimu Afrika)**
P O Box 31533
Braamfontein
Johannesburg
2017
**Iwebhusayithi:** www.justice.gov.za/inforeg
**I-imeyili:** inforeg@justice.gov.za

## 7. IZINHLOBO ZAMAREKHODI AGCINWE I-FSCA (S14(1)(b)(ii) se-PAIA) NOKUFINYELELEKA KUMAREKHODI (S14(1)(b)(iv) esifundwa ne-S15(1)(a) & (b) se-PAIA)

7.1. Amarekhodi agcinwe yi-FSCA akhiqizwa ngokuphathwa kwemisebenzi yayo emikhulu nezinqubo njengoba kulawulwa yimithetho eyilawulayo. Lawa marekhodi abandakanya amarekhodi abalulekile kanye nalawo emisebenzi ehlukene yokwesekela ngaphakathi e-FSCA.

7.2. Imisebenzi nezigaba zamarekhodi agcinwe yi-FSCA kufakwe ohlwini futhi kuhlukaniswe ngamakhalamu “Imisebenzi” kanye ne“Sigaba Solwazi olugciniwe” kwithebula elingezansi ngokwamagatsha e-FSCA, afaka phakathi iminyango ehlukahlukene.

7.3. NgokweSahluko se-15 soMthetho, i-FSCA idingeka ukuthi ishicilele uhlu lolwazi olukuyo olutholakala ngokuzenzekelayo ukuze ludalulelwe amalungu omphakathi.

7.4. Lolu lwazi lusohlwini lwekhalamu ethi “Ulwazi olutholakala kalula” kwithebula elingezansi. Lolu lwazi akudingekile ukuba lucelwe ngokwe-PAIA futhi lungacelwa ngqo kwi-FSCA, kusetshenziswa leli kheli le-imeyili: enquiries@fsca.co.za.

7.5. Ukufinyeleleka kunoma yimaphi amanye amarekhodi angekho ohlwini olukseThebulini, afanele afakelwe isicelo ngokoMthetho, futhi isicelo singathunyelwa kuleli kheli le-imeyili: paia_popia@fsca.co.za.

7.6. Ukufinyeleleka kumarekhodi ngokwe-POPIA, kufanele kufakelwe isicelo, futhi isicelo singathunyelwa kuleli kheli le-imeyili: paia_popia@fsca.co.za.

**ITHEBULA**

| IGATSHA: ISIKHUNGO SEZIMVUME NOMSEBENZI | | | |
|---|---|---|---|
| **Imisebenzi** | **Uhlobo lolwazi olugciniwe** | **Ulwazi olutholakala kalula** | **Imininingwane yokuxhumana yolwazi olutholakala kalula** |
| • Ukuhlaziywa nokucutshungulwa kwazo zonke izicelo zezimvume / zokubhalisa ze-FSCA njengoba kudingwa yimithetho ehlukahlukene yomkhakha wezezimali i-FSCA eyisiphathimandla sawo.<br>• UMthetho "njengephuzu lokuqalisa" layo yonke imibono yababambiqhaza bangaphandle kwe-FSCA, kubandakanya imibuzo nezikhalazo (ezivela emithonjeni eminingi), izethulo zomthetho, ukunikwa kwezimvume nezinye izicelo, kanye nezimpendulo zezicelo zolwazi olulawulayo.<br>• Ukuhlolwa okuqhubekayo kanye nokuthuthukiswa kwezinqubo zomsebenzi ezisetshenziswa uPhiko Lwesikhungo Sezimvume Nomsebenzi kanye nezindawo zokusebenza ze-FSCA. | • Uhlu nolwazi lwangempela, amarekhodi kanye nemininingo ephathelene nalabo abazoba ngabanikazi bezimvume abazoba khona kanye nabamanje, okubandakanya ulwazi lobuqu lwabantu abaphilayo abangabafakizicelo noma abayingxenye yezicelo ezizocatshungulwa futhi zigunyazwe yi-FSCA olutholwe kubafakisicelo noma kwenye ingxenye yesithathu yemithombo.<br>• Uhlu nolwazi lwangempela, amarekhodi kanye nemininingo ephathelene nabanikazi bezimvume abazoba khona kanye nabamanje abatholwe kweminye imigwamanda ebandakanya izikhungo ezilawulayo neziqondisayo eziphathelene nalabo abazoba abanikazi bezimvume abazoba khona kanye nabamanje | • Uhlu nesimo:<br>○ Abeluleki Nabalamuli Bezezimali<br>○ Abahlinzeki Bokubhenka Nokukhokha<br>○ Abahlinzeki bomshwalense<br>○ Abaphathi Bemihlomulo Yomhlalaphansi.<br>○ Abaphathi Bemigcwabo.<br>○ Abahlinzeki Bokutshalwa Kwezimali.<br>○ Amaphothifolo e-CIS.<br>○ Izinhlelo zokutshala izimali ngokuhlanganyela zakuleli nezakwamanye amazwe. | • enquiries@fsca.co.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| | • Uhlu nolwazi lwangempela, amarekhodi kanye nemininingo ephathelene nalabo abazoba ngabanikazi bezimvume bamanje nabazoba khona kubandakanya ulwazi lwabantu abaphilayo bangafakizicelo noma ingxenye yezicelo okumele zicatshangelwe futhi zigunyazwe yi-FSCA ezitholwe kubafakizicelo noma kweminye imithombo yengxenye yesithathu.<br>• Uhlu nolwazi lwangempela, amarekhodi kanye nemininingo ephathelene nabanikazi bezimvume abazoba khona kanye nabamanje abatholwe kweminye imigwamanda ebandakanya izikhungo ezilawulayo neziqondisayo ezibonakala zidingeka futhi zibalulekile yi-FSCA ngezinhloso zokucubungula izicelo zezimvume.<br>• Ulwazi oluphathelene nezinqubo zokukhishwa kwezimvume.<br>• Ulwazi lwezikhalazo kanye nemibuzo.<br>• Ulwazi olubuyisela ngokomthetho. Izicelo zokwabelana ngolwazi ngokwemithetho yemikhakha eyahlukene. | ○ Abahlinzeki bezinsizakalo zezezimali, kanye nohlu lwabantu ababalulekile, abameleli kanye nezikhulu zokuthotshelwa kwemithetho yabahlinzeki bezinsizakalo zezezimali abagunyaziwe.<br>○ Izikhwama zomhlalaphansi<br>○ Izinkampani eziphakanyisiwe Abahlinzeki Bezilinganiselina ni phezulu kwetafula;<br>• Uhlu lwazo zonke izikhungo zezezimali olubonisa lokhu okulandelayo:<br>○ Igama lesikhungo sezezimali,<br>○ Igama lokuhweba,<br>○ Inombolo yereferensi enikezwe yi-FSCA,<br>○ Isimo sokugunyazwa, | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| | | kanye<br>○ Nemikhiqizo yezezimali egunyaziwe.<br>• Uhlu lwabantu abavinjelwe;<br>• Uhlu lwabo bonke abantu i-FSCA enqabile ukubagunyaza njengabahlinzeki bezinsizakalo zezezimali.<br>○ Izicelo zezimvume ezintsha | |

| IGATSHA: INQUBOMGOMO YOKULAWULA | | | |
|---|---|---|---|
| **Imisebenzi** | **Uhlobo lolwazi olugciniwe** | **Ulwazi olutholakala kalula** | **Imininingwane yokuxhumana** |
| • Ukubuyekezwa okuqhubekayo nokuthuthukiswa kwezinhlaka zokulawula (amazinga kanye namanye amathuluzi afanele okulawula kanye nemibhalo).<br>• ukuxhumana ngokulawula kwasekhaya nokuphakathi kwamazwe omhlaba, okubandakanya ukuziphendulela ekuthuthukisweni nasekugcinweni kwezivumelwano zokuqondana ezilawulayo; ukwakha nokufaka imibiko, izethulo kanye nezimpendulo zezicelo zolwazi kwizithangami zamazwe omhlaba; ukuhlelela ukubamba iqhaza | Amathuluzi okulawula kanye namanye amaqoqomthetho amancane, enziwe ngaphansi kwemithetho yomkhakha yezezimali njengoba ichazwe eMkhakheni Wezezimali kwiSimiso sonyaka we-2017 (uMthetho we-FSR);<br>• Imibhalo okukhulunywe ngayo esahlukweni sama-98(1)(a) kanye nese-100(1)(a) soMthetho we-FSR;<br>• Imibhalo okukhulunywe ngayo esahlukweni se-104(1)kanye no-(2) soMthetho we-FSR;<br>• Izicelo zolwazi ezenziwe | • Amathuluzi okulawula kanye namanye Amaqoqomthetho amancane, enziwe ngaphansi kwemithetho yomkhakha yezezimali kwemithetho yomkhakha yezezimali ku-ezichazwe kuSimiso soMkhakha Wezezimali sonyaka we-2017 (uMthetho we-FSR), eshicilelwe kusizindalwazi se-FSCA;<br>• Imibhalo okukhulunywe | • enquiries@fsca.co.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| kwe-FSCA ezithangamini zamazwe omhlaba.<br>• Ukwenza ucwaningo oluqhubekayo olubonakalayo nokuqashwa kwemikhuba yomkhakha wezezimali futhi nezingozi zokuziphatha kwezimakethe ezisafufusa.<br>Ukuqapha okuqhubekayo, ucwaningo nokuhlolwa kwemikhuba nezinqubo ezintsha ukuze kuqondwe umthelela wazo wangaphandle kumamodeli omsebenzi womkhakha wezezimali, ukwakheka komkhiqizo nezisombululo kanye nemiphumela kumakhasimende, ukuze kwaziwe izimpendulo ezisheshayo nezifanelekile zokulawula nezokuqondisa zobuchwepheshe obusha.Ukwefezwa kokugunyazwa kwe-FSCA kokufundisa abathengi; kanye nokuthuthukiswa kwendlela yesu ye- FSCA yokufundisa abathengi, kubandakanya nokumela i-FSCA ezinhlelweni ezibanzi zenqubomgomo yokufunda ngezezimali. Ukuphinda kuphendulwe ngokusetshenziswa nokwethulwa kwemikhankaso ye-FSCA yokufundiswa kwabathengi. | ngaphansi kwesahluko se-131(1) soMthetho we-FSR;<br>• Izaziso zesiqondiso ezenziwe ngaphansi kwesahluko se-141 soMthetho we-FSR (noma ngaphansi kwesahluko esifanayo somthetho womkhakha wezezimali);<br>• Izinqumo zomthetho zokuhunyushwa okukhulunywe ngakho esahlukweni se-142 soMthetho we-FSR;<br>• Ukwelulwa kokuthotshelwa kwemithetho okukhulunywe ngakho esahlukweni sama-279(1) soMthetho we-FSR;<br>• Izaziso/izincwadi zolwazi, izicelo zolwazi, iziqondiso ezijwayelekile noma imibhalo efanayo ngaphambi kokuthi uMthetho we-FSR uqale ukusebenza;<br>• Izaziso ezishicilelwe yi-FSCA kwiGazethi kanye/noma kusizindalwazi se-FSCA, kubandakanya nezaziso zomthetho mayelana nokukhululwa, izinqumo, izimemezelo, iziqondiso nokunye okunjengalokhu okwenziwe ngaphansi kwemithetho yomkhakha wezezimali; | ngayo esahlukweni sama-98(1)(a) kanye nese-100(1)(a) soMthetho we-FSR eshicilelwe kusizindalwazi se-FSCA;<br>• Imibhalo okukhulunywe ngayo esahlukweni se-104(1)(a) kanye nese-(2) soMthetho we-FSR eshicilelwe kusizindalwazi se-FSCA;<br>• Izicelo zolwazi ezenziwe ngaphansi kwesahluko se-131(1) soMthetho we-FSR eshicilelwe kusizindalwazi se-FSCA;<br>• Izaziso zesiqondiso ezenziwe ngaphansi kwesahluko se-141 soMthetho we-FSR (noma ngaphansi kwesahluko esifanayo somthetho womkhakha wezezimali) ezishicilelwe kusizindalwazi se-FSCA;<br>• Izinqumo zomthetho zokuhumusha okukhulunywe ngakho kwisahluko se-142 soMthetho we-FSR ezishicilelwe | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| | • Ezokuxhumana nezimboni futhi imibhalo yabezindaba noma ukuxhumana okufanayo, okuhlobene nenqubomgomo yokulawula noma nokuthuthukiswa kohlaka;<br>• Izingxoxiswano, isikhundla, inqubomgomo noma imibhalo yocwaningo;<br>• Izethulo ezenziwe yi-FSCA kubabambiqhaza/kumaqembu angaphandle ezinkundleni zomphakathi maqondana nenqubomgomo kanye/noma nentuthuko yokulawula;<br>• Inguqulo esasetshenzwa yanoma yimiphi imibhalo okukhulunywe ngayo ngenhla;<br>• Abantu okuxhunyanwa nabo bomshwalensi;<br>• Izivumelwano Zokusebenzisana (ama-MoU) ezenziwe yi-FSCA nabanye abalawuli;<br>• Izicelo zolwazi nezimpendulo;<br>• Izimpendulo zocwaningo, amaphephambuzo kanye nezinye izicelo zolwazi oluhlobene namaphrojekthi ocwaningo.<br>• Imiphumela kanye nemibiko yokugcina yamaphrojekthi ocwaningo. | kusizindalwazi se-FSCA;<br>• Ukwelulwa kokuthotshelwa kwemithetho okukhulunywe ngakho esahlukweni sama-279(1) oMthetho we-FSR ashicilelwe kusizindalwazi se-FSCA;<br>• Izaziso/izincwadi zolwazi, izicelo zolwazi, iziqondiso ezijwayelekile noma imibhalo efanayo ngaphambi kokuthi uMthetho we-FSR uqale ukusebenza;<br>• Izaziso ezishicilelwe yi-FSCA kuGazethi kanye/noma kusizindalwazi se-FSCA, kubandakanya nezaziso zomthetho mayelana nokukhululwa, izinqumo, izimemezelo, iziqondiso nokunye okunjengalokhu okwenziwe ngaphansi kwemithetho yomkhakha wezezimali;<br>• Ukuxhumana kwemboni kanye nemibhalo yabezindaba noma ukuxhumana okufanayo, okuhlobene nenqubomgomo yokulawula | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| | • Imininingwane yokuxhumana yababambe iqhaza emihlanganweni yokucobelela ngolwazi yomphakathi ebanjwa umnyango.<br>• Amarejista ezihambeli<br>• zemikhankaso ye-FSCA yokufundiswa kwabathengi<br>• Amaminithi emihlangano nababambiqhaza<br>• Uhlu lwemininingwane yokuxhumana nababambiqhaza basekhaya nabakwamanye amazwe ekufundiseni abathengi<br>• Ukuqapha nokuhlola imibiko yemikhankaso yokufundisa abathengi<br>• Imininingo yocwaningo<br>• Imibiko yocwaningo | noma nokuthuthukiswa kohlaka, okushicilelwe kusizindalwazi se-FSCA;<br>• Izingxoxiswano, Isikhundla, Inqubomgomo noma Imibhalo Yocwaningo okushicilelwe kusizindalwazi se-FSCA;Izethulo ezenziwe i-FSCA kubabambiqhaza/kumaqembu angaphandle ezinkundleni zomphakathi maqondana nenqubomgomo kanye/noma intuthuko yokulawula eshicilelwe kusizindalwazi se-FSCA;<br>• Inguqulo esasetshenzwa yanoma yimiphi imibhalo okukhulunywe ngayo ngenhla eshicilelwe kusizindalwazi ze-FSCA.<br>• Izivumelwano Zokusebenzisana (ama-MoU) ezenziwe yi-FSCA nabanye abalawuli.<br>• Imibhalo yokugcina eyamukelwe yocwaningo;<br>• Izifundo Zomsizi Wokufundisa | |

| IGATSHA: UKUQAHSWA KOKUZIPHATHA KOMSEBENZI | | | |
|---|---|---|---|
| **Imisebenzi** | **Uhlobo lolwazi olugciniwe** | **Ulwazi olutholakala kalula** | **Imininingwane yokuxhumana** |
| • Ukwengamela ukuziphatha kwezinhlangano zomsebenzi ezigunyazwe ukukhipha imikhiqizo yasebhange nezinhlangano ezigunyazwe ukuhlinzeka ngezinsizakalo zokukhokha.<br>• Ukwengamela ukuhlinzekwa kwezikweletu ngamabhange; kanye nokwengamela izinsizakalo zokweluleka kanye nezinsizakalo zokuxhumana ezinikezwa amabhange.<br>• Ukwengamela ukuziphatha kwezinhlangano zomsebenzi ezigunyazwe ukukhipha imikhiqizo yomshwalense<br>• Ukwengamela ukuhlinzekwa kwezinsizakalo zokweluleka kanye nezinsizakalo zokuxhumana ezinikezwa abomshwalense.<br>• Ukwengamela ukuziphatha kwebhizinisi kwabomshwalense abasebencane kanye nezinye izinhlangano zezinsizakalo zezezimali ezisebenza endaweni “encane” noma “yokufinyelela kumkhiqizo”. “Imikhiqizo yokufinyelela” ibandakanya amapholisi omshwalense omncane, amapholisi omngcwabo (kubandakanya amapholisi emingcwabo | • Iziqondiso, Imihlahlandlela, Izaziso, Amazinga Okuziphatha kanye Namazinga Ngokuhlanganyela ngokoMthetho Womshwalense Wesikhathi Esifushane wama-53 wonyaka we-1998, ngokoMthetho Womshwalense Wesikhathi Eside wama-52 wonyaka we-1998, ngokoMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wesi-9 wonyaka we-2017 kanye neqoqomthetho elingaphansi kwawo);<br>• Uhlu lwezikhungo zezimali ezigunyaziwe ezinezimvume zomshwalense;<br>• Uhlu lwezikhungo zezimali ezigunyaziwe ezinezimvume ze-CIS;<br>• Uhlu lwezikhungo zezimali ezigunyaziwe ezinezimvume ze-FAIS;<br>• Uhlu lwamabhange Okopeletsheni Nezikhungo Zezezimali Zokopeletsheni ezinezimvume;<br>• Uhlu Lwezinhlangano Ezinobungani | • Iziqondiso, Imihlahlandlela, Izaziso, Amazinga Okuziphatha kanye Namazinga Ngokuhlanganyela ngokoMthetho Womshuwalense Wesikhathi Esifushane wama-53 wonyaka we-1998, ngokoMthetho Womshuwalense Wesikhathi Eside wama-52 wonyaka we-1998, ngokoMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wesi-9 wonyaka we-2017 kanye neqoqomthetho elingaphansi kwawo;<br>• Uhlu lwezikhungo zezimali ezigunyaziwe ezinezimvume zomshwalense;<br>• Uhlu lwezikhungo zezimali ezigunyaziwe ezinezimvume ze-CIS;<br>• Uhlu lwezikhungo zezimali ezigunyaziwe | enquiries@fsca.co.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| athengiswa abadayisi bomshwalense abajwayelekile), kanye nemikhiqizo ehlinzekwa izinhlangano zomphakathi ezinobungane, amabhange nokopeletsheni kanye nayizikhungo zezezimali ezisebenzisanayo.<br>Ukwengamela ukuziphatha kwezinhlangano zomsebenzi ezigunyazwe ukunika izeluleko zezezimali, kanye nezinhlangano ezigunyazwe ukuthengisa umkhiqizo ngaphandle kweseluleko, lapho inhlangano ingagunyazelwe ukukhishwa kwangempela kwemikhiqizo ethintekayo.<br>• Ukwengamela ukuziphatha komsebenzi wezikhungo ezuhlukahlukene zezezimali ezigunyazwe ukwenza imisebenzi eyahlukene maqondana nokutshalwa kwezimali. Lokhu kubandakanya ukuqashwa:<br>○ Ukuziphatha komsebenzi wezinhlangano ezigunyazwe ukusebenza ekutshalweni kwezimali ngokuhlanganela okuhlelwe njengezinhlelo zokutshala izimali ngokuhlanganyela;<br>○ Ukuziphatha komsebenzi wabaphathi bokutshalwa kwezimali;<br>○ Ukwengamela ukuziphatha komsebenzi wezinhlangano | ezibhalisiwe;<br>• Uhlu lwaMabhange anezimvume, amagatsha amabhange akwamanye amazwe kanye naMabhange Ohulumeni;Imininingwane mayelana nokuphoqelela isinyathelo esithathwe yi-FSCA kuphikiswa umshwalense onemvume, iBhange, i-CIS, Abaphathi Nabahlinzeki Bezinsizakalo Zezezimali, kubandakanya izinhlawulo zokuphatha kanye nezibopho eziphoqelelayo.<br>• Abaphathi ku-13B Wemihlomulo Yesixhumelo C kanye no-D<br>• Izaziso zabaqondisi abasha kanye nabaninimasheya baBaphathi Bemihlomulo ye-13B<br>• Izicelo, kanye nezaziso eziphathelene naBaphathi Bemihlolo ye-13B kanye naBahlinzeki Bomshwalense.<br>• Uhlu lwezimvumeno ezihoxisiwe nezizathu zakho,<br>• Uhlu lwezimvumeno ezimisiwe nezizathu zakho,<br>• Uhlu lwabantu abavinjiwe kanye nezizathu zakho,<br>• Imiyalo yokuvinjwa, | ezinezimvume ze-FAIS<br>• Uhlu Lwezinhlangano Ezinobungane ezibhalisiwe;<br>Uhlu lwezikhungo zezimali ezigunyaziwe ezinemvume yokubhenka, amagatsha amabhange akwamanye amazwe kanye namabhange naBhange Ohulumeni naBahlinzeki Abagunyaziwe Bezinsizakalo Zezezimali (i-FSP);<br>• Ukushicilelwa okuhlobene nesinyathelo sokuphoqelela esithathwe yi-FSCA ukuphikisa umshwalense onemvume noma umlawuli womhlomulo, iBhange, uMphathi we-CIS kanye noMhlinzeki Wezinsizakalo Zezezimali; kubandakanya izinhlawulo zokuphatha kanye nezibopho eziphoqelelayo;<br>• Ukushicilelwe okuhlobene nomhlinzeki womshwalense, umlawuli womhlomulo, iBhange, uMphathi we-CIS, noma uMhlinzeki Wezinsizakalo Zezezimali, onikezwe ukukhululwa kunanoma yimuphi umbandela womthetho womkhakha | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| ezihlinzeka izinsizakalo zokuphatha maqondana nokutshalwa kwezimali.<br>◦ Ukuziphatha komsebenzi wezinkampani ezigunyazwe ukuze zisebenzise ngezikhwama zezimali ezitshalwe ndawonye ngokwenza njengomtshalizimali, kanye nezikhwama zezimali ezitshalwe ndawonye ezithintekayo, kanye nabaphathi bezikhwama zezimali ezitshalwe ndawonye abaphatha izikhwama zezimali ezitshalwe ndawonye abatshalizimali.<br>• Ukwenza imisebenzi yokuqapha ye-FSCA ngaphansi koMthetho Wesikhungo Sobunhloli Bezezimali. | • Ulwazi lwezikhalazo ezisingathiwe,<br>• Imibiko yokuhlola endaweni<br>• Izitatimende zezimali<br>• Imibhalo ehlobene nemihlangano yobudlelwano nezikhungo ezilawulwayo / eziqashiwe zezezimali.<br>• Ukuphathwa Komshwalense Kwezimbuyiselo Zomsebenzi.<br>• Imibiko Yomlando Wokuhlonishwa Kwemithetho,<br>• Imibiko yokungahambi kahle,<br>• Lonke ulwazi oluqoqwe ngokwezicelo zolwazi ezithunyelwe yi-FSCA.<br>• Izimbuyiselo ezingokomthetho ezifaka kodwa ezingagcini nje ngombiko wokusebenza kahle kwezimali, imibiko yokwanela kwezimali, imibiko yekota yamasheya. | wezezimali.<br>• Imibiko yabanakeleli etholakala esidlangalaleni. | |

| IGATSHA: UKUQASHWA KOBUQOTHO BEMAKETHE | | | |
|---|---|---|---|
| **Imisebenzi** | **Uhlobo lolwazi olugciniwe** | **Ulwazi lutholakala kalula** | |
| <u>Ubuqotho Bemakethe:</u><br>• Ukukhishwa kwezimvume nokwenganyelwa kwezingqalasizinda zemakethe.<br>• Ukusungula ukwengamela okuthembekile nokusobala, izinqubo zokuqapha nokuziphendulela zenqubo yokunquma amazinga, okubandakanya ukukhishwa kwezimvume nokuqashwa kwabahlinzeki bamazinga.<br>• Ukuqapha nokunika izimvume izinhlangano ezigunyazwe ukuhlinzeka ngezinsizakalo zamazinga ezikweletu.<br>• Ukuqondisa nokunikeza izimvume abahlinzeki bezilinganiselinani se-OTC okuthi njengesici esivamile somsebenzi wabo basungule isilinganiselinani se-OTC noma benze imakethe kuzilinganiselinani ze-OTC.<br><u>Ukusekelwa Kongcweti</u><br>• Ukunikeza ukwesekwa kwezibalo zochwepheshe kwamanye amagatsha e-FSCA.<br>• Ukuqashwa kwezahluko ezithile zoMthetho Wezikhwama Zempesheni, ikakhulukazi isahluko | • Uhlu lwezingqalasizinda zemakethe enezimvume:<br>○ I-JSE Limited<br>○ I-JSE Clear (Pty) Ltd<br>○ I-A2X (Pty) Limited<br>○ I-Equity Express Securities Exchange (Pty) Ltd<br>○ I-Cape Town Stock Exchange (Pty) Ltd<br>○ I-ZARX (Pty) Ltd<br>○ I-Strate (Pty) Ltd<br>○ I-Granite CSD (Pty) Ltd<br>• Uhlu lwezethulo zomthetho, ukunikwa kwezimvume nezinye izicelo, kanye nezimpendulo zezicelo zolwazi olulawulayo.<br>• Uhlu lwezinhlawulo ezibekwe ngokumelene nezingqalasizinda zemakethe enezimvume nabahlanganyeli bemakethe abenze okwenziwayo okungalawulwa. | • Uhlu lwabantu abanikezwe izimvume yi-FSCA ngaphansi koMthetho Wezimakethe Zezezimali wonyaka we-2012 (uMthetho we-19 wonyaka we-2012);<br>• Umhlahlandlela womsebenzisi wokubhaliswa ku-inthanethi kwama-ejensi Amazinga Ezikweletu;<br>• Izaziso zezicelo zokubhaliswa njenge-ejensi yamazinga ezikweletu;<br>• Amafomu ezicelo kanye nezitifiketi zokubhalisa zama-ejensi amazinaga ezikweletu abhalisiwe<br>• Uhlu lwama-ejensi abhalisiwe Amazinga Ezikweletu;<br>• Imininingwane Yama-ejensi Amazinga Ezikweletu okubhaliswa kwawo kumisiwe noma | enquiries@fsca.co.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| se-15, se-16 kanye nese-18 (empeleni umsebenzi owenziwa abahloli bezikhwama zempesheni).<br>• Ukunikeza ukwesekwa kwamanye amagatsha e-FSCA, ekuhlaziyeni imininingo ehanjiswe ngokubuyisela ukuziphatha okusemthethweni kwemakethe noma amanye amaqoqo emininingo yesikhashana, ukuze kuqashwe izinkomba zengozi yokuziphatha kwemakethe<br>• Ukusiza ekwakhiweni kwembuyiselo esemthethweni noma ezinye izicelo zolwazi ze-FSCA, ukuze kuqinisekiswe ukuthi zizoletha imininingo ephusile, kanye nokuklanywa nokulungiselela imibiko yomphakathi efingqa izibalo zemboni kanye nezinkomba zokuziphatha ezibalulekile zamazinga.<br>• Ukusekela amanye amagatsha e-FSCA, ekuhlaziyeni amamodeli omsebenzi kanye nemikhiqizo yezikhungo ezithile zezimali.<br>• Ukusekela amanye amagatsha e-FSCA, ekubuyekezeni ukudalulwa, ukukhangisa namasu okumaketha ezikhungo ezithile zezezimali.<br>• Ukuskena okuqhubekayo kwabezindaba, nokuqapha okuqhubekayo kwezindlela ezintsha zokukhangisa nezindlela zokumaketha. | • I-FSCA izogcina irejista yomphakathi kusizindalwazi sayo esiqukethe:<br>○ ukuhlonzwa kwabaphathi abagunyaziwe noma ababhalisiwe baseRiphabhulikhi;<br>○ ukuhlonzwa kwabalawuli abasemazweni asafufusa abafeza izidingo zokulingana kanye nohlu lwamazinga angasetshenziswa eRiphabhulikhi;<br>○ ukuhlonzwa kwabalawuli abasemazweni asafufufusa abmukelwe yi-FSCA kanye nohlu lwamazinga abo olungasetshenziswa eRiphabhulikhi;<br>○ uhlu lwamazinga anikezwe umphathi wezwe elisafufufusa elugunyazwe umphathi oseRiphabhulikhi ukuze lusetshenziswe eRiphabhulikhi;<br>• Uhlu lwamazinga ahlinzekwe ngabalawuli bamazinga abatholakala ngaphakathi eRiphabhulikhi abanquma ukuba kube namazinga abalulekile.<br>• Umhlahlandlela womsebenzisi | kukhanseliwe:<br>• Iziqondiso ezikhishwe yi-FSCA Ngezinhlangano Zamazinga Ezikweletu ukuze kuqinisekiswe ukuvikelwa kwabatshalizimali, abangaba abatshalizimali noma umphakathi wonkana;<br>• Izaziso Zokukhululwa ezikhishwe yi-FSCA kwiziNhlangano Zamazinga Ezikweletu ezisebenza ngokujwayelekile noma ezisebenza ezinhlotsheni ezithile zama-ejensi amazinga ezikweletu abhalisiwe;<br>• Izaziso Ezijwayelekile, izinkulumo zabezindaba kanye nezindaba ezishicilelwe yi-FSCA ngokuqashelwa kanye nokuqedwa kophenyo lwengqalasizinda zemakethe;<br>• Imibiko Yonyaka yezingqalasizinda | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| • Ukusekela ukuqashwa kwemisebenzi ngokubukeza okuqhubekayo nokuthuthukiswa kohlaka lokuqondisa lwe-FSCA.<br>• Ukwenza ucwaningo oluqhubekayo futhi nokuqapha kwasekhaya kanye nakwamanye amazwe amazinga okuphatha nezindlela.<br>• Ukwenza izivivinyo zokuthenga ezingaqondakali lapho kufanele khona.<br>• Ukwenza izinhlolovo ukuze kuqoqwe imibono ezihlanganweni ezilawulwayo | wokubhalisa ku-inthanethi kwama-ejensi Amazinga Ezikweletu;<br>• Izaziso zezicelo zokubhaliswa njenge-ejensi yamazinga ezikweletu;<br>• Amafomu ezicelo kanye nezitifiketi zokubhalisa zama-ejensi amazinga ezikweletu abhalisiwe;<br>• Uhlu lwama-ejensi abhalisiwe Amazinga Ezikweletu;<br>• Imininingwane yama-Ejensi Amazinga Ezikweletu okubhaliswa kwawo kumisiwe noma kukhanselwe:<br>• Imininingwane Yebhodi Labaqondisi, Abaphathi Abakhulu, Isikhulu Sokuthotshelwa Kwemithetho kanye Nabasebenzi Ababalulekile abathintekile ezinsizakalweni Zamazinga Ezikweletu zama-Ejensi Okukala Izikweleti abhalisiwe;<br>• Iziqondiso ezikhishwe yi-FSCA Ngezinhlango Zamazinga Ezikweletu ukuze kuqinisekiswe ukuvikelwa kwabatshalizimali, abangaba abatshalizimali noma umphakathi wonkana;<br>• Izaziso Zokukhululwa ezikhishwe | zemakethe ezinezimvume;<br>• Uhlu lwezingqalasizinda zezimakethe ezinezimvume kanye nabahlanganyeli bezimakethe abaphule uMthetho Wezimakethe Zezezimali wonyaka we-2012 (uMthetho we-19 wonyaka we-2012);<br>• Izimvume ezikhishwe yi-FSCA ukumaketha izingqalasizinda;<br>• Izaziso ezijwayelekile ezikhishwe yi-FSCA kuzingqalasizinda zemakethe;<br>• Amafomu ezicelo kanye ne-indekhsi yezicelo zenye ingxenye kuthransekhshini.<br>• Uhlu lwabaphendulayo ocwaningweni.<br>• Imibiko yocwaningo kanye nemibhalo ehambisana neye-FSCA.<br>• Uhlu lwabahloli.<br>• Uhlu lwezikhwama zomhlalaphansi ezineziNhlelo Ezinensalela noma Ezingenayo. | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| | yi-FSCA kuma-Ejensi Amazinga Ezikweletu asebenza ngokujwayelekile noma asebenza ezinhlotsheni ezithile<br>• zama-ejensi amazinga ezikweletu abhalisiwe<br>• Izaziso Zokukhululwa ezikhishwe yi-FSCA kuma-Ejensi Amazinga Ezikweletu asebenza ngokujwayelekile noma asebenza ezinhlotsheni ezithile zama-ejensi amazinga ezikweletu abhalisiwe Izaziso Ezijwayelekile, Izinkulumo Zabezindaba kanye Nezindaba ezishicilelwe yi-FSCA ngokuqashwa kanye nokuphenywa kwa-Ejensi Amazinga Ezikweletu;<br>• Izitatimende Zonyaka Zezimali Ezenziwe zama-ama-ejensi abhalisiwe amazinga ezikweletu;<br>• Imibiko Yonyaka yama-ejensi abhalisiwe amazinga ezikweletu;<br>• Imibiko Yonyaka Yokuhlonihwa Kwemithetho yama-ejensi abhalisiwe amazinga ezikweletu;<br>• Ukugcina irejista yomphakathi ngabahlanganyeli bayo bemakethe kanye nanoma yiluphi unswinyo olunikezwa abahlanganyeli bemakethe | | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| | enjengalena;<br>• Uhlu lwezethulo zomthetho, ukunikwa kwezimvume nezinye izicelo, kanye nezimpendulo zezicelo zolwazi olulawulayo.<br>• Imibiko yokuhlolwa Kwezikhwama Zomhlalaphansi<br>• Imininingwane yabahloli<br>• Izicelo ezimayelana nesahluko se-15 nese-18 soMthetho Wezikhwama Zempesheni<br>• Imininingo (imibiko yocwaningo) etholakele emithonjeni yomphakathi.<br>• Isu langaphakathi nemibhalo yenqubomgomo.<br>Imibhalo yocwaningo evela ngaphandle kwezinhlangano ezitholakala emphakathini.<br>• Imininingwane yokuxhumana yabahlanganyeli ocwaningweni (imininingwane yokuxhumana yemvelo kanye neyomthetho)<br>• Imibiko yocwaningo etholwe emithonjeni yomphakathi enjengemibiko yokuqapha abezindaba.<br>• Imibiko yocwaningo evela ocwangweni olwenziwe.<br>• Izinqubo zokusebenza nezinkambiso zezinye | | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| | izinhlangano ezibamba iqhaza ocwaningweni esilwenzayo.<br>• Lapho kuhlaziywa isikhalazo, amagama namakheli e-imeyili abafakizikhalazo futhi ngezinye izikhathi nemininingwane yokuxhumana yezingxenye abazikhalazelayo.<br>• Izinhlelo zokumaketha zezinye izinhlangano. Ezilawulayo. | | |

| **IGATSHA: UKUQASHWA KOKUZIPHATHA KWEZIKHWAMA ZOMHLALAPHANSI** | | | |
|---|---|---|---|
| **Imisebenzi** | **Uhlobo lolwazi olugciniwe** | **Ulwazi lutholakala kalula** | |
| • Ukwenganyelwa kwezikhwama zomhlalaphansi, kubandakanya ukuqashwa kokuthotshelwa kwemithetho yesikhwama, ukwenza ukuhlolwa kwezimali endaweni, kanye nokuqashelwa kokuziphatha kwamathrastiyi kanye nezinye izici zokwengamela isikhwama.<br>• Ukuqashwa ngokunakekela kwazo zonke izikhwama zomhlalaphansi.<br>• Ukuhlolwa nokugunyazwa kwezikhwama ezintsha zomhlalaphansi,<br>• Ukuhlolwa nokugunyazwa kwezichibiyelo emithethweni yezikhwama zomhlalaphansi esezibhalisiwe/ezinezimvume (okungukuthi, izichibiyelo zemithetho yesikhwama esikhona) | • Ukuqokwa kwesahluko sama-26<br>• Ulwazi lohlelo lokuqashwa nokuvikelwa yinkantolo<br>• Imibiko yokuhlola endaweni<br>• Izenzo Zokulawula<br>• Izikhalazo<br>• Izitatimende zonyaka zezimali, zezibalo kanye nemibiko<br>• Ulwazi lomvalimhlakazi<br>• Ama-akhawunti okuvalwa nokusatshalaliswa (ama-akhawunti okuqala nawokugcina)<br>• Izikhalazo zokuvala kuphela<br>• Imibiko yekota yokwephulwa kwesimiso sama-28<br>• Ukudluliselwa kwesahluko se-14<br>• Ukuhlaziywa kweminingo nemibiko | • Izincwadi zokuqokwa kwesahluko sama-26<br>• Imibiko yokuqashwa nokuvikelwa yinkantolo yemvelo yomphakathi<br>• I-akhawunti yokugcina yemali engenayo yesiKhwama somhlalaphansi esibhalisiwe<br>• Ibhalansi yokugcina yesikhwama somhlalaphansi esibhalisiwe<br>• Ama-akhawunti okuqala okuvalwa nokusabalalisa avulelwe ukuhlolwa ngesikhathi sokuhlolelwa ukuvalwa. | enquiries@fsca.co.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| • Ukugunyazwa kokukhululwa nokwelulwa<br>• Ukuqedwa kwabaqashi ababambe iqhaza / ukwesulwa kwezikhwama;<br>• Ukuhlola, ukucutshungulwa kanye nokusebenzisa unswinyo olufanele kumathrastiyi ezimeni lapho imidanti yokuziphatha kwamathrastiyi itholakala;<br>• Ukuhlinzeka ngemibono ekusungulweni, ekugcinweni nasekuqashweni kokuqeqeshwa kanye neziqu zamathrastiyi;<br>• Ukuphakamisa nokusiza ngokubhala amathuluzi okulawula kanye nezaziso zomhlahlandlela ngokwe-FSRA;<br>• Ukuqashwa kwamasu okuziphatha kwamathrastiyi maqondana nokukhona kwawo ukwethula imiphumela eyisithupha Yokuphatha Amakhasimende Ngokufanele (i-TCF);<br>• Ukuqaphela ukuthotshelwa kwemithetho yezikhwama ezinemigomo yokwengamela okuhle kwezikhwama zomhlalaphansi.Ukuhlola okubalulekile kokusebenza kanye nemithelela engeyona eyesikhwama semithetho yokwehluleka kwezikhwama zomhlalaphansi kanye namalungu;<br>• Ukuqapha ukucutshungulwa nokuhlolwa kokukhululwa kuzimiso ezimisiwe kanye nokwelulwa kwezicelo;<br>• Ukuphatha kwebhokisi lokungenayo elenzelwe imibuzo | • Izaziso ezikhishwe ngokoMthetho Wezikhwama Zempesheni<br>• Amasekhula ezikhwama zempesheni kanye namasekhula olwazi<br>• Uhlu lwezikhwama zomhlalaphansi ezibhalisiwe<br>• Amakhophi emithetho/izichibiyelo zemithetho yezikhwama zomhlalaphansi ezibhalisiwe<br>• Izimvume zokukhululwa ekulawuleni okuzenzakalelayo.<br>• Izitifiketi zokuphothula ikhithi yamathuluzi amathrastiyi;<br>• Izicelo zokukhululwa nokwelulelwa;<br>• Ukukhululwa;<br>• Amazinga okuziphatha;<br>• Izenzo zokuphoqelela;<br>• Izinqumo zokuhunyushwa;<br>• Ihhovisi lezikhwama ezibhalisiwe;<br>• Imininingwane Yesikhulu Esiphezulu;<br>• Imibono | • Izaziso ezikhishwe ngokoMthetho Wezikhwama Zempesheni<br>• Amasekhula ezikhwama zempesheni kanye namasekhula olwazi<br>• Uhlu lwezikhwama zomhlalaphansi ezibhalisiwe<br>• Imithetho yezikhwama zomhlalaphansi ezibhalisiwe<br>• Ukukhululwa okushicilelwe ngokoMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017;<br>• Amazinga okuziphatha;<br>• Izenzo zokuphoqelela;<br>• Izinqumo zokuhunyushwa;<br>• Ihhovisi lezikhwama ezibhalisiwe;<br>• Igama lesikhulu esiphezulu kanye nekheli le-imeyili kanye nenombolo yehhovisi lesikhwama;<br>• Uhlu lwabavala basabalalise impahla olusebenzayo;<br>• Imininingo ehlanganisiwe | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| ephathelene nemithetho emisiwe;<br>• Ukubhekela ukunquma ngemidanti ehlinzekelwe izimiso zokwephutha;<br>• Ukusiza iGatsha Lokuqapha Izikhwama Zomhlalaphansi ngokusetshenziswa kwezinyathelo zokuphoqelela ezifanele ezihlinzekelwe eSiqeshini se-10 se-FSRA;<br>• Ukuqashwa kwabaphathi bemihlomulo yomhlalaphansi besaHluko se-13B; kanye<br>• Nokuhlinzeka ngosizo iGatsha Lokuqashwa Kwezikhwama Zomhlalaphansi emsebenzini wabo ngokunikeza imibono kanye neziqondiso mayelana nendlela yokubhekana nezimo ezithile | | yezikhwama zomhlalaphansi ethize ngokusekelwe ezitatimendeni zezezimali zonyaka. | |

| IGATSHA: UKUPHOQELELA | | | |
|---|---|---|---|
| **Imisebenzi** | **Uhlobo lolwazi olugciniwe** | **Ulwazi olutholakala kalula** | **Iminingwane yokuxhumana** |
| • Ukwenza uphenyo njengoba kuhlongozwe kuMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017.<br>• Ukwenza uphenyo ngokuhlukunyezwa kwezimakethe njengoba kulindelwe eMkhakheni Wezezimali.<br>• ISimiso sonyaka we-2017, esifundwa noMthetho Wezimakethe Zezimali we-19 wonyaka we-2012.<br>• Ukweluleka i-FSCA ngesinyathelo sokuphatha okufanele sithathwe. | • Imibiko yophenyo kanye nemibhalo esekelayo etholwe ekusebenziseni amandla ophenyo.Imiyalo nezinqumo ze-FSCA mayelana nemidanti yophenyo kanye nokuphoqelela ezisingathwa yigatsha.<br>• Amamanuwali okusebenza okujwayelekile.<br>• Imibiko yophenyo kanye nemibhalo esekelayo etholwe ngokusebenzisa amandla ophenyo.<br>• Imininingwane yabamangali abanxeshezelwe ngenxa yokuthintwa ukuhweba kwangaphakathi.<br>• Izinto ezinelungelo elisemthethweni maqondana neseluleko sezomthetho esikhishwe noma esitholwe iGatsha.<br>• Izicelo ezisemthethweni ezibhalwe iGatsha.<br>• Imibhalo ehlobene nemidanti lapho isinyathelo sokuphatha sathathwa noma sacatshangelwa.<br>• Imibhalo yokuphatha ephathelene nokusebenza kwansuku zonke | • Nanoma yisiphi isenzo sokuphatha esithathiwe esidinga ukushicilelwa. Izinkulumo zabezindaba ezihlobene nophenyo olwenziwe ngokoMthetho Wokuhweba Ngaphakathi wonyaka we-1998; uMthetho Wokuhlolwa Kwezikhungo Zezezimali wonyaka we-1998; uMthetho Wezinsizakalo Zamasheya wonyaka we-2004; uMthetho Wezimakethe Zezezimali wonyaka we-2012 kanye noMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017.<br>• Inkulumo yabezindaba ephathelene nokwenziwayo kokuphoqelela ngokwesahluko se-151 soMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017.<br>• Inkulumo yabezindaba ephathelene nophenyo | enquiries@fsca.co.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| | kweGatsha, isib. isabelozimali, izinhlelo zomsebenzi, njll. | olwenziwe ngokoMthetho Wohwebo Lwangaphakathi wonyaka we-1998; uMthetho Wezimakethe Zezezimali wonyaka we-2012 kanye noMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017.<br>• Inkulumo yabezindaba ephathelene nokwenziwayo kokuphoqelela ngokwesahluko se-151 soMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezezimali wonyaka we-2017 mayelana namacala ongasetshenziswa kahle kwezimakethe | |

| **IGATSHA: IZINSIZAKALO ZANGAPHAKATHI** | | | |
|---|---|---|---|
| **Imisebenzi** | **Uhlobo lolwazi olugciniwe** | **Ulwazi olutholakala kalula** | **Iminingwane yokuxhumana** |
| • Ukusekela ezabasebenzi nezidingo kanye nokusebenza kwazo zonke izinkudla ze-FSCA.<br>• Ukuhlinzekwa kwezinsizakalo ezibandakanyayo zokuphatha izikhungo ukuze kugcinwe, kuthuthukiswe futhi kujwayezwe isimo sokusebenza se-FSCA, | • I-oganogramu. Lokhu kutholakala embikweni woNyaka we-FSCA<br>• Imifundaze uma ikhona;<br>• Ulwazi oluhlobene nokubuthwa kwabasebenzi;<br>• Izinqubomgomo Nezinkambiso;<br>• Amarekhodi Endawo Yehhovisi; | IziKhangiso maqondana nezikhala zomsebenzi ezikhangiswe i-FSCA.<br>• Uhlu lwabahlinzeki bosizo<br>• Okushicilelwe kwabezindaba<br>• Ama-athikili ngemidanti ehlukahlukene ngaphakathi | enquiries@fsca.co.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| okubandakanya nokuphatha nokuhlelela ukusetshenziswa okungcono kakhulu kwendawo, izinsizakalo zezakhiwo nezingqalasizinda, abantu kanye nokuhlinzekwa kwezinhlobonhlobo zezimpahla nezinsizakalo.<br>• Ukuthuthukisa nokusebenzisa isu le-FSCA lokuxhumana kwangaphakathi nokwangaphandle. Iphinde ibe nomthwalo wemfanelo wokuphatha isithunzi se-FSCA, okubandakanya ukuthuthukiswa kanye nokusetshenziswa kokumakethwa jikelele kwe-FSCA nokwenziwayo kokuxhumana kwangaphandle (kubandakanya nesizindalwazi se-FSCA), futhi ibhekele ukuqaliswa nokugcinwa kwenqubomgomo yezilimi ye-FSCA. | • Amarekhodi e-OHS;<br>• Izinsizakalo Zezakhiwo;<br>• Okushicilelwe kwabezindaba;<br>• Imibiko Yonyaka ye-FSCA<br>• Ama-athikili ngemidanti ehlukahlukene ngaphakathi kwesizinda se-FSCA;<br>• Amarekhodi ezingxoxo zezikhulu ze-FSCA ezenziwa yizikhungo ezahlukene zabezindaba;<br>• Okushicilelwe kwangaphakathi e-FSCA;<br>• Amasekhula okuqwashisa akhishwe yi-FSCA. | kwesizinda se-FSCA<br>• Amarekhodi ezingxoxo zezikhulu ze-FSCA ezenziwa yizikhungo ezahlukene zabezindaba.<br>• Amasekhula okuqwashisa akhishwe yi-FSCA<br>• Okushicilelwe kwangaphakathi e-FSCA | |
| **IGATSHA: EZEZIMALI NEKETANGA LOKUTHENGA** | | | |
| **Imisebenzi** | **Uhlobo lolwazi olugciniwe** | **Ulwazi olutholakala kalula** | **Iminingwane yokuxhumana** |
| • Ukusekela zonke izinkundla ze-FSCA kulezi zindawo ezilandelayo:<br>• Ukuphatha kahle imali yokusebenza<br>• Ukuphatha ukusebenza kwemali nokutshalwa kwezimali<br>• Ukuphatha kwempahla enempilo engaphezu konyaka | • Izitatimende Zezimali Ezishicilelwe<br>• Izinqubomgomo Nezinkambiso Ezihlobene Nezezimali ze-FSCA.<br>• Ama-akhawunti Okuphatha Kwanyanga Zonke.<br>• Izitatimende Zezimali Ezishicilelwe | • Izitatimende Zonyaka Ezishicilelwe Zezimali<br>• Isabelozimali se-FSCA<br>• Uhlu lwamathenda anikeziwe<br>• Uhlu lwamathenda ahoxisiwe. | enquiries@fsca.co.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| • Izilinganiso zokutshala izimali ezinkulu<br>• Ukulungiswa nokuphathwa kokutshalwa kwezimali kanye nezabelomali sempahla ebonakalayo<br>• Ukubika kwanyanga zonke kwabaphathi, ukuhlaziya ukwehluka kanye nokusetshenziswa kwezinyathelo zokulungisa<br>• Ukulungiswa kwezitatimende zezezimali zonyaka<br>• Ukuqinisekisa izinhlelo ezinhle zokulawula kwangaphakathi<br>• Isekela zonke izinkundla ze-FSCA kulezi zindawo ezibalulekile ezilandelayo:<br>• Ukuphatha ngempumelelo kwemali ekweletwa ibhizinisi lapho kuthengwa ngesikweletu<br>• Ukuphatha kahle imali yokusebenza<br>• Ukuqinisekisa ukuthotshelwa kwe-PFMA kanye nezimiso zoMgcinimafa mayelana nokukhokha<br>• Ukulungiswa nokuphathwa kwesabelomali sezindleko<br>• Ukubika kwanyanga zonke kwabaphathi, ukuhlaziya ukwehluka kanye nokusetshenziswa kwezinyathelo zokulungisa<br>• Ukulungiswa kwezitatimende zonyaka zezimali<br>• Ukuqinisekisa izinhlelo ezinhle | • Izinqubomgomo Nezinkambiso Ezihlobene Nezezimali ze-FSCA.<br>• Isabelomali se-FSCA<br>• Uhlu lwamathenda anikeziwe<br>• Uhlu lwamathenda ahoxisiwe.<br>• Imibhalo yokubhida ehanjiswe ngabafaka amathenda abahlukahlukene<br>• Izinqubomgomo Zokuthenga<br>• Izivumelwano zokusebenza ezenziwe eziphakathi kwe-FSCA nezingxenye zesithathu | | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| zokulawula kwangaphakathi<br>• Ukusekela onke amagatsha e-FSCA kulezi zinkundla ezilandelayo ezibalulekile:<br>• Ukuphatha kahle izinteliso kanye nezimali ezikhokhiswayo<br>• Ukuphathwa ngempumelelo kwemiholo<br>• Ukuphatha kahle imali yokusebenza Ukulungiselela nokuphatha ingenisomali kanye nesabelozimali sabasebenzi<br>• Ukubika kwanyanga zonke kwabaphathi, ukuhlaziya ukwehluka kanye nokusetshenziswa kwezinyathelo zokulungisa<br>• Ukulungiswa kwezitatimende zonyaka zezimali<br>• Ukuqinisekisa izinhlelo ezinhle zokulawula kwangaphakathi<br>• Ukusekela onke amagatsha e-FSCA kulezi zinkundla ezilandelayo ezibalulekile:<br>  ○ Ukuthengwa kwezimpahla nezinsizakalo ngokuhambelana ne-PFMA kanye neZimiso Zomgcinimafa<br>  ○ Ukuphatha izidingo zeketanga lokuthenga nezinqubo zokulahla<br>  ○ Ukuqinisekisa ukuthi izinqubo zokuthenga zilungile, ziyalingana, zisobala, ziyaqhudelana futhi azibizi<br>  ○ Ukuphatha izinqubo zamathenda<br>  ○ Ukuphatha izivumelwano zabaphakeli<br>  ○ Ukuqinisekisa uhlelo oluhle lokulawula kwangaphakathi | | | |

| IGATSHA: IHHOVISI ELIKHULU | | | |
|---|---|---|---|
| **Imisebenzi** | **Uhlobo lolwazi olugciniwe** | **Ulwazi lutholakala kalula** | **Iminingwane yokuxhumana** |
| • Ukubhekelela umsebenzi wokucwaningomabhuku kwangaphakathi e-FSCA, isiqiniseko esihlanganelwe kanye nephothifolo yomshwalense womsebenzi.<br>• Ukuphendula ekuthuthukisweni kohlaka lwe-FSCA lokulawula ingozi emsebenzini<br>• Ukuphendula ngekhono le-FSCA lokuqhubeka nomsebenzi uma kwenzeka kuba nenhlekelele noma okunye ukuphazamiseka.<br>• Ukuphendula ngokuthotshelwa kwayo yonke imithetho yi-FSCA, kubandakanya ukuthotshelwa `kwezinqubomgomo zangaphakathi ze-FSCA<br>• Ukuphendula ngokuqasha, ukuhlola nokubika ngokusebenza kwe-FSCA ngokumelene nezinhloso zayo zamasu kanye nezomsebenzi. Lo msebenzi uzophinde ube nesibopho sokubika ngenhlagano, okubandakanya ukulungiswa, ukwenza izethulo kanye nokuhlela imibiko ehlukahlukene yenhlangano ehlobene nokwengamela okudingwa i-FSCA ukuze ikhiqize.<br>• Ukuhlinzekwa kwemisebenzi | **Amasu:**<br>• Uhlelo Lwamasu lwe-FSCA;<br>• Uhlelo Lokusebenza Lonyaka lwe-FSCA<br>• Uhlelo Lomsebenzi lwe-FSCA;<br>• Isu Lokunqanda Ukukhwabanisa Nenkohlakalo;<br><br>**Izinqubomgomo:**<br>• Uhlaka Lokulawulwa Kwengozi Yomsebenzi;<br>• Inqubomgomo Yokulawulwa Kwengozi Yomsebenzi<br>• Uhlaka Lengozi Engamukeleka Nengabekezeleka<br>• Umqulu Wocwaningomabhuku Lwangaphakathi<br>• Uhlaka Lokuqinisekisa Okuhlanganisayo<br>• INqubomgomo Yokuhlabumkhosi<br>• Inqubomgomo Nomqulu Wokuthotshelwa Kwemithetho;<br>• Inqubomgomo Yokuthuthukiswa Nokubuyekezwa Kwezinqubomgomo<br>• Inqubomgomo Yokuphatha Ukuqhubekeka Komsebenzi kanye Nesitatimende Senqubomgomo<br>• Inqubomgomo Yolwazi Lwensebenzo<br>• Imibhalo yenqubomgomo yomshwalense; | • Uhlelo Lokusebenza Lonyaka lwe-FSCA<br>• Uhlelo Lwamasu lwe-FSCA | enquiries@fsca.co.za |

| | | | |
|---|---|---|---|
| yobunobhala eKomidini Eliphethe le-FSCA, eMakomidi Okwengamela kanye nakwezinye izinhlaka zokuphatha ezibalulekile.<br>• Ukusebenza njengendawo esemqoka yokuxhumana phakathi kwe-FSCA nabezindaba, futhi nokusebenza njengomkhulumeli kwabezindaba egameni loKhomishana namaPhini Okhomishana.<br>• Ukuhlinzeka, ngeHhovisi Lomeluleki Jikelele wezinsizakalo zezomthetho e-FSCA emikhakheni yokwesekwa nokuphathwa kwamacala, ukubuyekezwa komthetho, izeluleko kanye nezinsizakalo zezomthetho ezijwayelekile zomsebenzi.<br>• Ukuxhumana Nenkantolo Yezinsizakalo Zezezimali kanye Nokulwa Nokushushumbiswa Kwemali / Iseluleko Sokulwa Nokuxhaswa Ngezimali Kobuphekula. | • Uhlelo lobhubhane<br><br>**Imibiko:**<br>• Ubungozi Bokwengamela Nemibiko Yokuqinisekisa Yekota<br>• Imibiko Yekota Yomgcinimafa Kazwelonke<br>• Imibiko Yocwaningomabhuku Lwangaphakathi<br>• Imibiko Yokuqapha Ukuthotshelwa Kwemithetho<br>• Imibiko yokuqapha nokuhlola<br>• Imibiko Yokubuyekeza Ubungozi<br>• Imibiko evela eKuhletshelweni;<br><br>**Ama-ajenda namaminithi emihlangano:**<br>• I-Ajenda Namaminithi Ekomidi Eliphethe, Amakomidi Okwengamela e-FSCA, i-OPFA kanye neHhovisi loMlamuli we-FAIS, aMakomidi oNgqongqoshe kanye nemihlangano Yomsebenzi ye-Exco.<br>• Ulwazi lwekomidi jikelele lokuphatha<br>• Imibandela Yokuvumelana (i-ToR) yamakomiti | | |

Izicelo zokufinyeleleka kumarekhodi e-FSCA zingenziwa kubantu abafanele abasohlwini kwisigaba sesi-5 ngenhla.

## 8. INQUBO ZEZICELO ZE-PAIA

8.1. Nanoma yimuphi umuntu angenza isicelo sokuthola irekhodi le-FSCA.

8.2. Isicelo sifanele senziwe ngokubhaliwe kuFomu 2 omisiwe. Leli fomu liyatholakala ekugcineni kwale Manuwali, nakusizindalwazi se-FSCA.

8.3. Ifomu lesicelo lifanele liqondiswe kuSekela-Mgcinilwazi kusetshenziswa imininingwane yokuxhumana ebekwe esigabeni sesi-5 ngenhla.

8.4. Isicelo sifanele sibe negama kanye nemininingwane yokuxhumana yomfakisicelo futhi sifanele sinikeze imininingwane eyanele ukuze i-FSCA ikwazi ukuhlonza irekhodi eliceliwe. Umfakisicelo ufanele asho futhi uhlobo lokufinyeleleka kwirekhodi okucelwa ngalo.

8.5. Lapho isicelo senziwelwa omunye umuntu, umfakisicelo ufanele alethe ubufakazi, ngendlela ye-afidavidi noma incwadi yemvume, yesikhundla umfakisicelo enza ngaso isicelo ngendlela ezogculisa uMgcinilwazi.

## 9. UKUKHOKHWA KWEZIMALI EZIKHOKHWAYO (S22 se-PAIA)

9.1. Imali yokufaka isicelo ikhokhwa ngezicelo ze-PAIA futhi ubufakazi baleyo nkokhelo bufanele buthunyelwe kuSekela-Mgcinilwazi kanye nesicelo.

9.2. Uma isinqumo sokunikeza ukufinyeleleka kolwazi oluceliwe sesithathiwe, izimali zokufinyeleleka zingafunwa yi-FSCA kumfakisicelo, njengoba kuhlinzekwe kwiZimiso ezishicilelwe ngokwe-PAIA.

9.3. Imali yesicelo ihambisana neZimiso ezishicilelwe ngokoMthetho Wezinhlangano Zikahulumeni.

9.4. Idiphozi yasebhange iyona kuphela indlela yokukhokha eyamukelwe yokukhokhela izicelo ze-PAIA kusetshenziswa imininingwane yasebhange ye-FSCA elandelayo:

| |
|---|
| **First National Bank** |
| Inombolo ye-akhawunti: 62277426328 |
| Igama Legatsha: RMB Corporate Banking Johannesburg |
| Ikhodi Yegatsha: 255005 |
| I-Ref: PAIA request-  NAME OF REQUESTER |

9.5. Isicelo samukelwa kuphela uma ifomu ligcwalisiwe futhi imali yesicelo emisiwe yamukelwe nguSekela-Mgcinilwazi.

9.6. Lapho kutholwa isicelo se-PAIA, i-FSCA izozama ukusicubungula futhi inikeze impendulo esicelweni ngasinye kungakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu (30) ezimisiwe. Uma kunesidingo, i-FSCA ingahle yelule isikhathi esiyizinsuku ezingamashumi amathathu (30) ngezinye izinsuku ezingamashumi amathathu (30) ukuze kuphothulwe isicelo.

## 10. UKUCUTSHUNGULWA KWESICELO

10.1. Izicelo zamarekhodi ngenhloso yokuqulwa kwamacala obugebengu noma omphakathi zisetshenzwa ngokwesahluko sesi-7(1) soMthetho esihlinzeka ngale ndlela elandelayo:

*"UMthetho awusebenzi kumarekhodi enhlangano kahulumeni noma enhlangano ezimele uma*

*(a) lelo rekhodi licelelwa ngenhloso yokuqulwa kwamacala obugebengu noma omphakathi;*

*(b) licelwe emuva kokuqala kokulalelwa kwalelo cala lobugebengu noma lomphakathi, njengoba kungenzeka; futhi*

*(c) nokukhiqizwa noma ukufinyeleleka kulelo rekhodi ngenhloso eshiwo esigabeni (a) esihlinzekwe ngokomthetho."*

10.2. Uma isigaba sesi-7(1) sisebenza esicelweni, umfakisicelo ufanele asebenzise imithetho nezinqubo zokutholwa kolwazi oluhlobene nezinqubo zomthetho ezithile.

10.3. I-FSCA ingahle yenqabele ukufinyeleleka lapho izicelo zibonakala ziwubala futhi/noma ziwukukhathaza.

10.4. I-FSCA ingahle yenqabele ukufinyeleleka lapho izicelo ziwela ngaphansi kwanoma yiziphi izizathu zokwenqatshwa njengoba zihlinzekelwe kwisiQephu sesi-4 se-PAIA.

## 11. ISINQUMO SE-FSCA

11.1. Njengoba kumisiwe kwisahluko sama-25 soMthetho, uMgcinilwazi uyonquma ukuthi uyakwamukela yini ukufinyeleleka kolwazi oluceliwe futhi azise umfakisicelo ngemfanelo. Umfakisicelo uzokwaziswa ngesinqumo ngendlela efanelekile ngangokunokwenzeka.

11.2. Uma isicelo sokuthola ulwazi senqatshwa nguMgcinilwazi, umfakisicelo uzonikezwa izizathu ezibhaliwe zalokho kwaliwa.

## 12. ILUNGELO LOKUPHIKISA ISINQUMO

12.1. I-FSCA ayilona inhlangano kahulumeni okukhulunywe ngaoo esigabeni (a) sencazelo "yehlangano kahulumeni " esahlukweni soku-1 soMthetho. Ngakho-ke, akukho ukukhalaza kwangaphakathi okuphikisa isinqumo soMgcinilwazi mayelana nokufinyeleleka kolwazi.

12.2. Uma umfakisicelo engavumelani nesinqumo, umfakisicelo angafaka isikhalazo kuMlawuli Wolwazi kungakapheli izinsuku eziyi-180 ngemuva kokwaziswa ngesinqumo soMgcinilwazi.

12.3. Umfakisicelo angafaka isikhalazo kuMlawuli Wolwazi mayelana nalezi zinqumo ezilandelayo zoMgcinilwazi:

12.3.1. Inani lemali okudingeka ukuba ikhokhwe; kanye / noma

12.3.2. Ukwelulwa kwesikhathi ulwazi oluzonikezwa ngaso.

## 13. UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI

13.1. Le manuwali yabhalwa ngomzamo wokukhombisa ukuzibophezela kwe-FSCA ekuholeni njengesibonelo ekuhlonishweni koMthethosisekelo wethu, imithetho kanye nezimiso zaseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika. Ukutholakala kwale manuwali akukhona nje kuphela ukuhambisana nezidingo ze-PAIA, kodwa futhi kuwumzamo wokukhombisa ukuzibophezela kwe-FSCA ekubeni isikhungo esenza izinto obala esithobela imithetho futhi esikhuthaza ilungelo lomthethosisekelo lokufinyeleleka kolwazi.

13.2. Imanuwali iyatholakala ngamakhophi e-elekhthronikhi nangamakhophi ayiphepha ngesiNgisi, isiZulu kanye neSetswana. Amakhophi ayiphepha ayatholakala futhi endaweni yokwamukela abantu ye-FSCA ukuze ahlolwe ngumphakathi ngezikhathi zokusebenza. Imanuwali iyatholakala futhi kusizindalwazi se-FSCA futhi ingenziwa itholwe yinoma ubani uma eyicela.

## 14. UKUBUYEKEZWA KWEMANUWALI

Le manuwali izobuyekezwa ngezikhathi ezithile kodwa ezingekho ngaphansi konyaka owodwa.

## 15. UKUCUTSHUNGULWA KOLWAZI LOBUQU NGOKOMTHETHO WOKUVIKELWA KOLWAZI LOBUQU WESI-4 WONYAKA WE-2013.

15.1. I-FSCA ifanele iqoqe futhi isebenzise ulwazi, olubandakanya ulwazi lobuqu njengoba luchazwe uMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lobuqu, kuze kufike ezingeni elidingekayo

ukwenza kahle imisebenzi, ukufeza izibopho kanye nemisebenzi okukhulunywe ngayo esigabeni sesi-3.

15.2. I-FSCA icubungula ulwazi lobuqu lwale zigaba zezihloko zomninininingo ezilandelayo:

15.2.1. izinhlangano kanye nabantu abangaphansi kwehlo lokuqashwa. Lokhu kubandakanya izikhungo zezezimali, ezibandakanya izikhungo zokutshalwa kwezimali, izinhlelo zokutshala izimali ngokuhlanganyela, izikhwama zomhlalaphansi, imishwalense yempilo nengeyona eyempilo, abanye abahlinzeki bezinsizakalo zezezimali, kanye nabalawuli, abaphathi nabasebenzi balezi zinhlangano,

15.2.2. abasebenzi base-FSCA nabafaka izicelo zomsebenzi,

15.2.3. abaphakeli bezingxenye zesithathu; futhi

15.2.4. neminye imigwamanda yokulawula.

15.3. Izigaba ezilandelayo zolwazi lobuqu ziyacutshungulwa ukuze kufezwe imisebenzi echazwe esigabeni sesi-3.

15.3.1. Izinombolo ezihlonzayo (inombolo yesisebenzi; izinombolo zokubhaliswa kwezinkampani, inombolo kamazisi)

15.3.2. Amakheli e-imeyili, ikheli lendawo, inombolo yocingo

15.3.3. Amagama, isibongo, isimo somshado, ubuzwe, ukukhetha ubulili, ubudala, isimo sempilo ngokomzimba, isimo sempilo yengqondo, inhlalakahle, isimo sokukhubazeka, ulimi, indawo yokuzalwa, usuku lokuzalwa. Olunye ulwazi lungahle luvame kakhulu ezinqutsheni zethu zokuqashwa kwabasebenzi kumagatsha amakhulu omsebenzi.

15.3.4. Ulwazi lwezithupha zeminwe olufana nezigxivizo zeminwe, ikakhulukazi ezinhlelweni zethu zokuqashwa.

15.3.5. Ulwazi ngobuhlanga, ubuzwe noma imvelaphi, ukuqoshwa kobugebengu/izinqubo zabantu.

15.3.6. Ulwazi lwezemfundo, lwezokwelapha, lwezezimali, lokusebenza kwabantu.

15.4. Ulwazi lobuqu ludalulwa kuphela uma kudingeka ukuba kufezwe ukugunyazwa komthetho we-FSCA njengoba kuhlinzekwe wuMthetho we-FSR, ngezinhloso zomsebenzi, lapho kunesibopho somthetho, noma kungumsebenzi womphakathi ukudalulwa kolwazi, noma kunezintshisekelo ezisemthethweni zesihloko somniningo ezidinga ukudalulwa noma imvume inikezwe isihloko somniningo yokuba kudalulwe ulwazi. Ukudalulwa kolwazi, kubandakanya ulwazi lobuqu yi-FSCA kuncike kwimibandela yesahluko sama-251

soMthetho we-FSR.

15.5. Abamukeli bolwazi babandakanya abahlinzeki bosizo be-FSCA, abanye abalawuli (ababandakanya abalawuli bakwamanye amazwe), ama-ejensi okuphoqelelwa komthetho, nama-ejenti okuqinisekisa.

15.6. Ulwazi lobuqu lungahle lucutshungulwe kwezinye izindawo zomthetho ezingaphandle kwaseNingizimu Afrika ngezinhloso zomsebenzi, ukwabelana nabalawuli bakwamanye amazwe ukuze kufezwe ukugunyazwa komthetho noma izinhloso zama-ejensi aphoqelela ukuthotshelwa komthetho ukwenzela izinhloso zophenyo.

15.7. Lapho kufanele khona, sicela izingxenye zesithathu esabelana nazo ulwazi, ukuba zithathe izinyathelo ezanele futhi zithobele imithetho esetshenziswayo yokuvikela umniningo futhi zivikele ulwazi esidalulela zona. Lokhu sikwenza ngezivumelwano nalezi zingxenye zesithathu. Siphinde sithathe izinyathelo zangaphakathi ukuqinisekisa ukuthi izingxenye zesithathu esiziqokayo zinezinyathelo ezifanele zokuvikeleka kolwazi esilunikeza zona.

15.8. I-FSCA isebenzisa izindlela zokulawula zokuphepha, ze-elekhthronikhi nezibonakalayo ezakhelwe ukugcina ubumfihlo, ukuvimbela ukulahlekelwa, ukufinyeleleka okungagunyaziwe kanye nokulinyazwa kolwazi yingxenye engagunyaziwe. Isu lokuvikeleka kwe-cyber lwe-FSCA lihambisana nezinhlaka ezijwayelekile zomkhakha ukuze kuqinisekiswe ukuphathwa ngempumelelo kwengozi yokuphepha ku-inthanethi enhlanganweni. Senza ukuhlola okuqhubekayo kokuba sengozini yokuvikeleka ukuze sithuthukise ukuma kwethu kwezokuphepha futhi sinikeza isiqinisekiso kubo bonke esisebenzisana nabo.

15.9. Izihloko zomniningo zinamakhambi alandelayo lapho kwenzeke khona ukuphazamiseka kokuvikelwa kolwazi lwazo lobuqu yi-FSCA:

15.9.1. Faka isikhalazo kuMgcinilwazi we-FSCA, futhi lapho unganelisekile, faka isikhalazo kuMlawuli Wolwazi ngendlela nefomu elimisiwe.

15.9.2. Faka icala lomthetho ngomonakalo enkantolo egunyaziwe.

15.10. Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa mayelana nesikwenzayo ukucubungula ulwazi, sicela uvakashele iNqubomgomo Yobumfihlo ye-FSCA ku-www.fsca.co.za

